**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL UMNUZ BHEKI CELE EMCIMBINI WOKUPHENDULA ISOYI LEBHULOHO NOMGWAQO ENTEMBENI – EMELMOTH MHLAKA 14 JULY 2008.**

**Ngiyanibingelela nonke**

- Ukuze sisheshise izinhlelo zikahulumeni wethu zokulwa nobubha nezokukhuliswa komnotho, kubaluleke kakhulu ukuthi sibe nemigwaqo okuhambekayo kuyona.

- Yingakho-ke uMnyango wezokuThutha KwaZulu-Natal unohlelo lwengqalasizinda oluhlangabezana nezidingongqangi zezakhamuzi zesifundazwe, luvule namathuba ezomnotho kwababencishwe amathuba phambilini emadolobheni nasemakhaya.

- Le ngqalasizinda ihlanganisa ukwakhiwa kwamabhuloho nemigwaqo eyenza imiphakathi ifinyelele kalula ezindaweni zosizo kwezomnotho, ezenhlalo nakwezamasiko nokunye.

- Njengoba siphendula isoyi namhlanje, siqinisekisa ukuqala komsebenzi wokwakhiwa kwebhuloho iHlambanyathi nomgwaqo oya esikoleni iSitheku, okuzosiza umphakathi wendawo ukuba ufinyelele ku-Main Road 534. Le misebenzi emibili kulindeleke ukuthi idle u-R3 million.

- Ibhuloho lizokuba phakathi kuka-45 no-50 metres ubude, kanti lizosiza abafundi nezakhamuzi ukuba ziwele ngokuphepha. Njengamanje abafundi baseSizanotho Primary School bawela umfula ngokuhamba phezulu konqenqema olunamanzi ahamba ngaphezulu.

- Njengomgomo kahulumeni wethu, okunye okubalulekile ekwakhiweni kwale misebenzi ngukuthi kuzokuba nenzuzo kwezomnotho emphakathini wendawo. Sisho ngoba osonkontileka abazosebenza kuzomele bathole zonke izinto zokwakha kosomabhizinisi bendawo futhi baqashe ochwepheshe, esithi ama-artisan nabasebenzi bakhona emiphakathini eseduzane.

- Ngiyaninxusa-ke ukuthi nisebenzise izinhlaka zethu esizibekile njengoMnyango kuyo yonke imiphakathi njengama-RRTF nama-CRSC nezinye. Ngiyaninxusa ukuthi nihlukane nokuvumela osopolititki ukuthi banisebenzise ukuze bazizuzele kwezepolitiki. Kodwa njengoMnyango sesinqume ukuthi umuntu onesikhundla ngokwepolitiki ngeke angene ezinhlakeni zethu.

- NjengoMnyango wezokuThutha asikaze sibe umgoqo ovimba intuthuko kodwa yithina esiyizishoshovu zentuthuko. Yingakho nje sizimisele ngokulekelela omasipala ngakwezobunjiniyela uma behlela ingqalasizinda yomgwaqo.

- Kukhona omasipala asebeke basinxusa ukuthi sibagcinele imigwaqo yabo isesimweni, kodwa sathola ukuthi leyo migwaqo ayakhekile kahle okusho ukuthi ukuyigcina isesimweni kuzofana nokuyiqala phansi. Bheka ngoba ingxenye yomgwaqo osebenzayo oya esikoleni iSitheku ubheke phezulu kakhulu, okuzodingeka ukuthi uhlelwe kabusha ukuze uhambisane nesimo somgwaqo omusha oxhuma ku-Main Road 534.

- Manje sesithe ngeke sithathe imigwaqo siyigcine isesimweni uma ingahlelwanga ngokubambisana nathi njengoMnyango wezokuThutha.

- Sengiphetha, ngithanda ukugcizelela ukuthi njengoMnyango wezokuThutha sithweswe ngumthethosisekelo ukuba siqinisekise ukuthi abantu bakithi bathola uhlelo lwezokuthutha oluphephile noluthembekile esifundazweni. Ngigcizelela ukuphepha emgwaqeni ngoba sekucacile ukuthi akusizi ukuthi sakhe imigwaqo ezobulala abantu bakithi.

- Okokugcina, mangihalalisele umphakathi wasoThungulu ngentuthuko yemigwaqo namabhuloho asebakhelwe wona nabasazokwakhelwa wona. Kuyacaca ukuthi ngempela ukusebenza kwethu kugxile ekubhekeleni izimpilo zabantu bakithi.

**Ngiyabonga.**